Ubuyele eqenjini elibusayo uSigcau

UNksz Stella Sigcau owayenguNgqongqoshe eqenjini elibusayo eTranskei.

EMTATA. — Owake waba ngomunye woNgqongqoshe bokuqala eTranskei nongomunye wabasungula iqembu leDemocratic Progressive Party, eliphikisana noHulumeni wakulesisabelo, uNksz. Stella Sigcau, usebuyele eqenjini elibusayo eTranskei eliholwa yilezelamani zakwaMatanzima.

Izingqapheli zepulitiki zithi kutindeleke ukuthi bonke abaphuma kuleliqembu elibusayo balandele ezinyathelweni zikaNksz Sigcau babuyele kulona.

Iphini likaNobhala jikelele weqembu elibusayo uMfundisi R. N. Myataza uthi isicelo sikaNksz. Sigcau sokubuyela eqenjini elibusayo semukelwe.

Uqhube wathi kulindeleke ukuba uNksz. Sigcau akhulume emhlanganweni ohlelelwe ukubaseQaukeni ngoSeptember 6 lapho kuzobe kukhuluma khona uNgqongqoshe wezeMpilo, uChief D.D.P. Ndamase.

UNksz. Sigcau washiya phansi isikhundla sobungqongqoshe kwathi yena kanye nowake waba ngungqongqoshe kuloHulumeni, uChief J. D. Moshesh haqembuka hasungula iqembu labo eliphikisa uHulumeni. UChief Moshesh kwayena usebuye waba lilunga leqembu elibusayo.

UNksz. Sigcau washiya phansi isikhundla sakhe ngemuva kokuba ekhuleliwe ngoNovember 1977.

Ngalesosikhathi owayenguNdunankulu uChief Kaiser Matanzima wakhwela wazebhela kuvena ngokuthandana kwakhe noChief Moshesh.

Ngesikhathi sokulnba izikhulu zeDemocratic Progressive Party kazitholakalanga ukuba ziphawule ngaloludaba.

UMHLANGANO

ETHEKWINI. — Inhlangano yezikhulu zomgwaqo eMzansi ne-Africa izokuba nengqungquthela yezinsuku ezintathu kwelinye lamahhotela aphambili eThekwini ngenyanga ezayo. Inggikithi yalomhlangano ukubonisana kwezikhulu ngesimo sobudlelwane phakathi kwezikhulu zomgwaqo kanye nabashayeli bezimoto.

Phakathi kwezimenywa ezizokwethula izinkulumo kulomhlangano nguMnuz. Justice Tshungu oyisikhulu sezokuxhumanisa emsakazweni wakuleliwe. Kuzobe kukhona nezikhulu ezimbiophe.

Ingqungquthela iqala ngolwesiBili lomhla kaSeptember 9 kuze kube ngolwesiHlanu lomhla kaSeptember 11.

Umbuso uxegise isitilobho

EGOLI. — UHulumeni uselikhululile ijoka elibinzima kwabesifazane nabantwana babo obekuphoqelekile ukuba bathole imvume kwabamthetho uma behombela abayeni babo emalokishini abamnyama asemadolobheni.

Lokhu kwenzeke ngesinqumo esikhishwe yinkantolo enkulu yokudlulisa amacala eBloemfontein okuyiyona esichithile lesicefe somthetho ovimbela abantu ukuhlala nezihlobo zabo.

UNkk. Sheena Duncan onguNgondisi wenhlangano yabesifazane yabamhlophe eyaziwa ngokuthi yi-Black Sash ukhulume ese-Goli wathi lokhukuchithwa kwalomthetho kuyinjabulo enkulu futhi ezothokozelwa yizindimbane zabantu.

Uqhube wathi abantu abayodingeka ukuthola imvume yilabo kuphela ahangabhaliwe encwadini yomuzi ehhovisini lika-Nsumpa.

Lesisinqumo sikhishwe nguChief Justice Rumpff chambisene noMnuz. Justice Corbett, noMnuz. Justice Miller kanye noMnuz. Justice Joubert benoMnuz. Justice Galgut.

LONDON. — Elinye lamaphephandaba aseLondon likhwele ladilika kuHulumeni waseSouth Africa ngokuhluleka kwakhe ukusiza izinkulungwane zabalimi baKwaZulu ezihlaselwe yisomiso esesibhubhise ukudla emasimini nemfuyo.

UMnuz Nicholas Ashford osebenzela iphephandaba iLondon Times uthe isimo sendlala sizodlanga kakhulu kulesisifunda esiphethwe nguHulumeni waKwaZulu uma izulu lingani ngokwanele.

Uqhube wathi kuze kube manje uHulumeni omkhulu akukho lutho aselwenzile ukulekelela abantu abafa ukwezimpukane kwaZulu kodwa esikhundleni salokho usekhiphe isizumbulu semali engango R18 million enika abalimi bakamoba ahamhlophe kanye namaNdiya kwathi abamnyama basala bencela izithupha.

UMnuz Ashford udalule indawo yaseTugela Ferry njengendawo okuyiyona esesimweni esibucayi kakhulu futhi waze wathinta igama likaMnuz Neil Alcock ongumqondisi wenhlangano yabalimi khona eTugela Ferry owathi inkinga enkulu ababhekene nayo ukwanda kwabantu abaxoshwa ezindaweni zabelungu.

Uqhube wathi ngaphambi kokuba amaphephandaba adalule isimo sonke ngesomisa baningi abelungu abebenguzi lutho ngokwenzeka ngaphandle ezabelweni bona balibele ukuzitika ngomnotho wezwe begamanxe emafutheni wawo kuyilapho abamnyama bedla izingqweqwe zezilonda zendlala.

BASALE BENCELA IZITHUPHA ABALIMI

Umlimi ecaleni lokuxaxa umfana

ETHEKWINI. — Umlimi waMhlophe onepulazi eCamperdown nwethweswe icala lokuthi waxaxa ingane yomfana eneminyaka engu-15 ubudala ezinqeni ngemvubu, wasehlikihla amanxeba ngomuthi owushevu wokusula amabala ezingutsheni uvele enkantolo yaseRegional Court, eThekwini ngesonto eledlule.

Phambi kwemantshi uMnuz. J.J. Augustyn kuvele uMnuz. Pieter Alexander Janssen ngecala lokushaya ehlose ukulimaza. Uliphikile elokushaya ehlose ukulimaza wavuma elokushaya kodwa engahlosite ukulimaza. Lombandela wakhe wokuthi uvuma elokushaya kuphela, hhayi elokuhlosa ukulimaza uwuchithile umshushisi uMnuz. S. Slabbert.

Emaphepheni aphambi kwemantshi kubhalwe ukuthi ngoNovember 16, ngonyaka odlule uMnuz. Janssen wakhumulisa umfana oneminyaka engu 15 ubudala, wamxaxa ngemvubu ezinqeni, nangethumbu lokuchela, kwasekuthi emanxebeni wamhlikihla ngomuthi onoshevu.

Kuhhalwe ukuthi uMnuz. Janssen walenza lelicala emzini wakhe emuva kokuba esole lomfana ukuthi nguyena owayewugqekezile wantshontsha uR300.

UMnuz. Janssen ukuvumile enkantolo ukuthi uyazi ukuthi wenza into engekho emthethweni ngokuxebula umfana ngemvubu ezinqeni. Uthe wathathela phezulu izinto ngaleisizenzo sakhe, kodwa inhloso yakhe kwakungukuthola imali yakhe eyayintshontshiwe.

It doesn't take much to turn that curly, ginger mop of yours into a beautifully straight head of pitch-black hair.

Just a tube of Londun Line curl remover with pitch-black dye.

Londun Line is quick, safe and sure. In less than an hour, it will straighten, stretch and blacken your hair, leaving it soft and free to comb into your own style or set in curlers.

And your new straight black look will last for three months. Washing will not curl your hair again or remove the deep black colour.

Why don't you go straight, black and beautiful? Londun Line is a hair-straightener and pitch-black dye in one. And to keep your hair in really good condition use Londun Line hair conditioner. It contains special nourishing hair food ingredients to feed and stimulate the roots and hair fibre. Promoting healthy growth and restoring tip top condition. You can use both these preparations, yourself at home. They're available at your favourite shop now.

Trade Enquiries, SOW Laboratories, P.O. Box 15606 Sinenand 2133. Telephone 29-3521.
de Villiers and Company 72488

Take your party through the sound barrier with the Supersonic Concorde.

A party is not a party unless you can really hear the music. That's why the Supersonic Concorde is such a great music system for the man who likes to have a party every now and again. A design as modern as its name. With performance to match. Two massive speaker units that really deliver the goods.

A cassette player for recording and playing it your own way. A radio with needle-sharp reception on FM, MW and two SW bands. Battery or mains operation so you can take your party wherever you want. Plus facilities for a microphone and stereo headphones, a belt-driven turntable, a special light which shines on the turntable for playing in the dark, separate controls for treble and bass and many other features an expert would appreciate.

See, and hear, the Supersonic Concorde at your nearest dealer. Seeing, and hearing, is believing!

SUPERSONIC

Supersonic gives you a world of sound.

de Villiers and Company 72488

Indali Yamalounge Suite

ANGAMASEKENI KANYE NEMITITILIZO ESILUNGISWE KABUSHA

ILOUNGE SUITE ENSUNDU
engu 4 Piece iyachithwa kuphela **R29.95**

3-PIECE TAN LOUNGE SUITE
yeDurohide enamakhushini aphendulwayo **R79.95**
IDIPHOZI R8,30 UKHOKHA AMASONTO ANGU 52
NGESONTO KUPHELA R1,65

IMBUIA CANE BACK LOUNGE SUITE
engu 3-Piece eqine kakhulu, futhi enamakhushini aphendulwayo **R89.95**
IDIPHOZI R9,35. UKHOKHA AMASONTO ANGU 52
NGESONTO KUPHELA R1,80

IMBUIA CANE BACK LOUNGE SUITE
engu 3-piece ingumtitilizo ngempela ka **R99.95**
IDIPHOZI R10,40. UKHOKHA AMASONTO ANGU 104
NGESONTO KUPHELA R1,10

3-PIECE KIAAT LOUNGE SUITE
Esekahle kakhulu.
Kuphela **R139.95**
IDIPHOZI R14,55 UKHOKHA AMASONTO ANGU 104
NGESONTO KUPHELA R1,55

I-LOUNGE SUITE YE-PINE
Engu 3 Piece Ingumtitilizo ka **R39.95**

3-PIECE LOUNGE SUITE EMNYAMA
enekhava osenokuyisula **R59.95**
IDIPHOZI R6,25. UKHOKHA AMASONTO ANGU 52
NGESONTO KUPHELA R1,20

3-PIECE KIAAT LOUNGE SUITE
enamakhushini aphendulwayo, futhi eqine kakhulu **R89.95**
IDIPHOZI R9,35. UKHOKHA AMASONTO ANGU 52
NGESONTO KUPHELA R1,80

I-MODULAR LOUNGE SUITE E-TAN
engu 5-Piece. Ingumtitilizo kuphela **R99.95**
IDIPHOZI R10,40. UKHOKHA AMASONTO ANGU 104
NGESONTO KUPHELA R1,10

3-PIECE GRAFTON "SLEEPER" SUITE
iSuite esekahle kakhulu yohlobo oluphambili **R199.95**
IDIPHOZI R21. UKHOKHA AMASONTO ANGU 104
NGESONTO KUPHELA R2,20

Lamanani kawahlanganisiwe nentela

PROGRESS
FURNISHERS

1451

THE "BARGAIN HUNTERS' PARADISE" 589 WEST ST. PHONE 67174 DURBAN